



Ukuhlomisa izingane zethu
ngelikusasa

Isiqinisiso 2

Isihloko sesifundo: IziKhonzo - IsiVumo soKholo 5

Umhlahlandlela womzali

Isikole sangeSonto Isikole sasekhaya



Mzali Othandekayo

Uyamukelwa kusifundo: **IziKhonzo – IsiVumo soKholo 5**

Lomqulu ukunika umhlahlandlela ofanele wokuba ungasethula kanjani lesi sifundo.

Ungasilungiselela futhi uthule kanjani lesi Sifundo

Nanka amanye amasu ngezansi wokulungiselela nokwethula lesi sifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
1.	<p>Finyelela ku Webhusayithi ye-New Apostolic Church ngokufaka noma ngokuchofaza kusixhumanisi esilandelayo kusuka ku-WhatsApp: https://bit.ly/3NACSSHS</p>
2.	<p>Qoqa lezizinsiza zokufunda ezilandelayo ukuze uqiniseke ukuthi usihlomele lesisifundo:</p> <ul style="list-style-type: none"> • IBhayibheli • Isifundo ngefomethi ye-PDF esivele silungisiwe • Incwadi yengane yokusebenzela kanye namapensele, amakhilayoni, njll. • I-Vidiyo kiliphi okuyisiza sokufunda esingezekile / isisiza sokufunda ongazikhethela ngokuthanda kwakho • Ikhathekizimu yemibuzo nezimpendulo (Ikakhulukazi kulesisifundo sesiQinisiso). <p>Qaphela:</p> <p>2.1: Isikhathi esifanele sokuthulwa kwalesisifundo, kungemuva kwenkonzo yangeSonto ekuseni, ngokuhambisana nesikhathi sesikole sangeSonto ukuze kugcinwe inqubo yesikhathi esijwayelekile.</p> <p>2.2: Uyacelwa ukuba ugcine isifundo sibe mfushane uma kunokwenzeka, khumbula izinga lokunaka kwezingane zethu (gxila esifundweni) - uyazi kangcono ingane yakho!</p> <p><i>Isikole sangeSonto ngokuvamile asidluli imizuzu engama-45.</i></p> <p>2.3: Lesisifundo silungele ibanga lesiQinisiso 2.</p> <p>2.4: Uyacelwa uthinte uThisha wakho wesiQinisiso uma udinga noma yiluphi usizo noma uma udinga ezinye izinsizakufunda kulezi ezingenhla.</p>
3.	<p>Khuleka (bheka umkhuleko osekugcineni kwalomqulu) bese ucela uNkulunkulu ukuba akusebenzise njengethuluzi ukwethula isifundo ngendlela Yena afuna ukuba uthule ngayo.</p>



Fundisa lesisifundo sesikole sangeSonto ekhaya

Ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo

Siyaqhubeka nokwabelana ngezululeko ezithile zokuthi ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
4	Yenza indawo ilungele ukufundisa engenaziphazamiso lapho wena nengane / nezingane nisezingeni elifanayo. Isibonelo: Hlala phansi ocansini noma eduze kwetafula.
5	Funda kulesisifundo. Phinda ufunde futhi isifundo ukuze usiqondisise kahle. Bukela lesisifundo sevidiyo kiliphu ukuze uthole ukuqonda okungcono ngalesisifundo.
6	Zenzele amanothi ngamaphuzu abalulekile ongathanda ukuwakhumbula.
7	Yazi inhloso yalesisifundo ingane yakho okufanele siyikhumbule.
8	Yethula lesisifundo enganeni yakho noma uyifundele lenandaba uma uthanda.
9	Khombisa ingane yakho ividiyo bese uphinde ubuyekeze incazelo yayo.
10	Khombisa ingane yakho umsebenzi okufanele iwenze encwadini yayo yokusebenzela (I Also Want To....)
11	Khuleka, noma ucele ingane yakho ukuba ikhuleke bese uphetha isifundo.

Izinsiza zokufunda ezitholakalayo mayelana nokufundisela ekhaya.

Nazi ezinye izinsiza zokufunda zokungezelela lesisifundo sibe sezingeni leqophelo:

1. I-WhatsApp. Xoxani ngesifundo sesi**Qinisiso 2** nomunye umndeni osifundayo nawo.
2. Xoxisanani ngesifundo nabanye abazali ukuze uthole ukuchazeleka kahle mayelana nesifundo ngaphambi kokuba sifundiswe.
3. Khululeka ukwenza olwakho ucwaningo ukuze uthole ulwazi olungezekile.
4. Khuluma noMxhumanisi webandla lakho noma uThisha mayelana nemidanti engezekileyo.



Isifundo

Isihloko	IziKhonzo – IsiVumo soKholo 5
Umbhalo weBhayibheli	Imibhalo yeBhayibheli ebhalwe ngaphakathi kwesifingqo sesifundo esingezansi.
IKhathekizma Q&A	Isahluko 7, IMBUZO NEZIMPENDULO - 452; 459-461; 468-470
Inhloso yesifundo	AbaQinisiswa bathola ukuqonda ngezikhonzo ezahlukene nemisebenzi yazo futhi bafuna ukuhlunganisa ukuxhumana nabathwali bezibusiso zabo.

Isifundo esifingqiwe:

Ingabe zikhethwa kanjani izikhonzo / abefundisi / iziNceku na?

- Akekho oyiNceku ozincomile ngokwakhe.
- NguNkulunkulu osuke emkhethele futhi wanikeza izimpawu nezinkomba ezidingekayo kulokhu.
- Isikhonzo siyabusiwa futhi siyangcweliswa (sihlanjululwe) ngomsebenzi waso lapho sigcotshwa ngumPhostoli.
- Ngalokho-ke sithola igunya ngesikhonzo sobuPhostoli.
- **UNkulunkulu wakhuluma kuMose esihlahleni esivuthayo.**
- Wathuma uMose ukuba ahole abantu bakwa-Israyeli ukuba baphume eGibhithe.
- UMose wabeka izizathu zokuthi kungani wayengeke akwazi, kepha uNkulunkulu wayekhetha yena hhayi omunye umuntu.
- Yena watshela uMose, "Impela ngiyakuba nawe" (Eksodusi 3: 12).
- **UNkulunkulu wathumela umphrofethi uSamuweli eBhetlehem lapho wayogcoba khona enye yamadodana kaJese ukuba ibe yinkosi.**
- UJese wethula amadodana akhe ayisikhombisa kuSamuweli, kodwa akekho noyedwa kubo owakhethwa.
- Uthunjana, uDavide, owayeluse izimvu futhi wayengekho nabo.
- Ngesicelo sikaSamuweli uDavide walethwa kuye futhi uNkulunkulu wathi, "Sukuma, umgcobe, ngoba nguye lo!" UDavide wagcotshwa.
- UNkulunkulu wayetshela uSamuweli ukuthi yini okufanele kunqunywe ngakho kulokhu kukhetha: "Umuntu ubheka ukubukeka kwangaphandle, kepha uJehova ubheka inhliziyi" (1 Samuweli 16: 7; qhathanisa no-1 Samuweli 16).
- **Ukuba ngumntwana kaNkulunkulu kunokuba nesikhonzo kuyinto enkulu kakhulu ezimpilweni zethu.**
- Isikhonzo sinikezwa ukukhonza izingane zikaNkulunkulu futhi labo abakhethiwe kufanele bathi, "Ngilapha" njengoba kwenza uSamuweli (1 Samuweli 3: 6).
- Asiwona amalunga obuPhostoli obuSha ukuba sibe yizikhonzo, kepha ukuba sibambe iqhaza emshadweni weWundlu.
- Ngosuku lweNkosi kuzoba ngukwethembeka kwethu kuYe okuzocatshangelwa kunesikhonzo.



Izikhonzo ezahlukehlukeneyo:

- UmPhostoli uPawulu wabhalela abaseKorinte wathi: “Kepha kukhona iziphwiwo zomusa ezehlukeneyo, kepha nguye lowoMoya. Kukhona izinkonzo ezahlukeneyo, kepha yiyo leyoNkosi. Kukhona imisebenzi yamandla eyahlukeneyo, kepha nguye lowoNkulunkulu osebenza konke kubo bonke” (1 AbaseKorinte 12: 4-6).
- UNkulunkulu wenza konke ngokusebenzisa amathulusi azikhethela wona.
- UmPhostoli uPawulu ukhuluma ngokubambisana kwebandla lonke.
- Umzimba womuntu uqukethe izingxenye ezahlukehlukeneyo.
- Ngasinye sinomsebenzi waso futhi zonke izitho zomzimba zibalulekile.
 - Sezizonke zakha okuphelele — umzimba — oqondiswa ubuchopho.
- **Asikho isikhonzi esingaba yithuluzi eliwusizo esandleni sikaNkulunkulu ngaphandle kokuxhumana okusondelene nomPhostoli wakhe.**
- AbaPhostoli, bona, bakhuthaza ubudlelwano obusondelene neNhloko yabaPhostoli futhi ngaleyo ndlela noMthumeli wabo uJesu Kristu, iNhloko yeBandla.
- Amazwi eNdodana kaNkulunkulu asasebenza: “...Ngokuba ngaphandle kwaMi ningenzelutho” (Johane 15: 5).

Ukuthunywa (ukugunyazwa) kobukhonzi kwesiKhonzo ngasinye:

- Isikhonzi ngasinye sithunywe (sigunyazwe) ngomsebenzi wesikhonzo esithile futhi sithole igunya elidingekayo ngomPhostoli kuze kube manje.
- INhloko yabaPhostoli igcoba abaphostoli futhi ibeka abaphostoli beziFunda; Abaphostoli bagcoba abefundisi abangamaPristi namaDikoni ukuba babasize emsebenzini wabo omkhulu; Abaphostoli babelana ngesipho sikaMoya oNgcwele; AbaPristi abangabefundisi babelana ngoBhaphathizo oluNgcwele ngamanzi, banikezela ngeSidlo seNkosi esiNgcwele futhi bafeza nokuvakashela kokweluswa kwemiphefumulo.
- Isifunda nebandla ngalinye linomPhathi-bandla (Rector), kodwa-ke, lokhu akusona isikhonzo, kodwa i-aphoyintimenti ekhethekile.
- EmBhalweni oNgcwele sifunda ukuthi abaphostoli bebandla lokuqala nabo babengenakukwazi ukuphatha yonke into bebodwa.

Umpathi wami wesibusiso:

- Singaphendukela kubefundisi, abaphethe isibusiso sethu, ezimeni ezahlukehlukeneyo.
- Singakwazi: ukucela abasiphathele izibusiso ukuba basithandazele; iya kubo ukuthola izeluleko; sihlanganyele injabulo yethu nabo; sithululele kubo ukukhathazeka nezinkinga zethu; thola ukuqonda okusha ngabo; babonge futhi ubabuze ukuthi singasiza kanjani ebandleni.

Ingabe sisho ukuthini lesisifundo kithina namhlanje na?

- KusiVumo soKholo lwethu sesi-5 sisasho ukuthi: "Ngiyakholwa ukuthi labo ababekwe nguNkulunkulu esikhonzweni bagcotshwa ngabaPhostoli kuphela, futhi lelo gunya, isibusiso, kanye nokungcweliselwa ubukhonzi babo kuphuma esikhonzweni sobuPhostoli"
- Sonke kufanele sisondele kakhulu kubefundisi, abaphethe izibusiso zethu.
- Abathwali bezibusiso zethu bazokuma ngakithi kuzo zonke izindaba nokukhathazeka esingaba nakho.
- Masilwele ukuxhumana ngenhliziyo yonke nabefundisi bethu.

Funda isiVumo soKholo 5 ngekhandu.



Eminye imibuzo esingayibuza:

1. Ingabe kwenzeka kanjani ukuthi umuntu othize abe yisikhonzi / inceku / isisebenzi na?

Impendulo: Akekho oyiNceku ozincomile. NguNkulunkulu omkhethile futhi unikeze izimpawu nezinkomba ezidingekile kulokhu. Ngokugcotshwa iNceku iyabusiwa futhi ingcweliselwe ubusebenzi bakhe. Uthola igunya ngesikhonzo sobuPhostoli.

2. Ingabe abefundisi banethuba elingaphezu kwelabanye abantwana bakaNkulunkulu ngokwamukelwa emshadweni weWundlu na?

Impendulo: Cha. Ukuba ngumtwana kaNkulunkulu kunokuba nesikhonzo kuyinto enkulu kakhulu empilweni yethu. Isikhonzo sinikezelwa ukukhonza izingane zikaNkulunkulu. Asibanga ngamaKristu obuPhostoli obuSha ukuba sibe yizikhonzi, kodwa ukubamba iqhaza emshadweni weWundlu. Ngosuku lweNkosi kuzoba ukwethembeka kwethu kuYe okuzocatshangelwa kunesikhonzo.

3. Ingabe singaphendukela nini kubaphathi bethu bezibusiso, izikhonzi na?

Impendulo: Singaphendukela kubefundisi, abaphethe isibusiso sethu, ezimeni ezahlukahlukene. Singakwazi: ukucela abaphathi bethu bezibusiso ukuba basithandazele; iya kubo ukuthola izeluleko; sihlanyanele injabulo yethu nabo; sabelane nabo ngesikhathenzeke ngakho nangezinkinga zethu; thola ukuqonda okusha ngabo; babonge; ubabuze ukuthi singasiza kanjani ebandleni.

UMkhuleko kaBaba noMama ngaphambi kwesifundo:

Nkulunkulu othandekayo, ngiyakubonga ngalolusuku

Busisa bonke abazali nezingane

Sengathi singabuzwa ubukhona baKho

Busisa isifundo esizoba naso

Sicela usifundise ukukukhonza

Futhi usisize ukwenza intando yaKho

Ukuze sikhule sisondele kuWe

Thumela uJesu azosilanda

Futhi kwangathi singalungela ukuhlangana naYe

Amen